

Umama wenyoni wazalela iqanda esidlekeni. Walifukamela ukuba lifudumale.

T2_1 Are you my mother?_big book_Z.indd 1 2021/11/04 21:45



Umama wenyoni wezwa
elambile. Wabe esendiza
ukuyofuna ukudla.
Iphuphu lachamusela
eqandeni. Laphuma, lafuna
umama walo.



T2_1 Are you my mother?_big book_Z.indd 2 2021/11/04 21:45



Nkomazi, Ungumama wami wena?" kubuza iphuphu.
"Cha, kodwa ngingakupha ubisi,'' kusho inkomazi.
"Cha, ngiyabonga.
Kumele ngihambe."



T2_1 Are you my mother?_big book_Z.indd 3 2021/11/04 21:45



"Mbuzi, Ungumama wami wena?" kubuza iphuphu. "Cha, kodwa woza uzodla utshani kanye nami," kusho imbuzi. "Cha, ngiyabonga. Kumele ngihambe."



T2_1 Are you my mother?_big book_Z.indd 4 2021/11/04 21:45



UGogo walithola iphuphu
walibuyisela esidlekeni
ukuba lilinde khona
uMama Wenyoni.



T2_1 Are you my mother?_big book_Z.indd 5 2021/11/04 21:45



Wandiza wabuya uMama
Wenyoni ephethe isibungu
esinonophele esimnandi.
Lajabula iphuphu ukubona
umama walo.



T2_1 Are you my mother?_big book_Z.indd 6 2021/11/04 21:45

